

SA's Leading Past Year

Exam Paper Portal

STUDY

You have Downloaded, yet Another Great Resource to assist you with your Studies 😊

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ [www.saexampapers.co.za](http://www.saexampapers.co.za)



SA EXAM  
PAPERS



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**FEBRUWARI/MASHI 2017**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI: 100**

**Le memorandamu inamakhasi ayi-16.**

**ISIQEPHU A: IMEMORANDAMU YEZINDABA****QAPHELA:**

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniwe ngamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho okuqukethwe, ulimi & isitayela, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenhla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezixenye. Ayikho ingxenye engenhla noma engezansi.

**ISIQEPHU A: AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI: ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-50]**

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
		28–30	22–24	16–18	10–12	4–6
<b>OKUQUKETHWE &amp; UHLAKA</b>  (Izimpendolo kanye nemibono) Ukuhlela imibono uyihlelela uhlaka Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo  <b>AMAMAKI ANGAMA-30</b>	Ingxenye engenhla	-Impendolo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo -Ihleleke ngobunyoninco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendolo yakheke kahle -Imibono eshaya emhlokwini nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendolo eyanelisayo -Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhlokwini -Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendolo ikhombisa ukungahlangani -Imibono engacacile nokungeyona eyokuzisungulela -Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana	-Impendolo enhlanhlathayo -Imibono edidayo nenganembi -Akuzwakali, kunokuphindaphinda -Akukho ukuhlela kanye nokulandelana

		<b>25–27</b>	<b>19–21</b>	<b>13–15</b>	<b>7–9</b>	<b>0–3</b>
	<b>Ingxenywe engezansiha</b>	-Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo -Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha -Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo yakheke kahle -Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo enembayo kodwa intula ukucacisa -Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka -Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo engashayi emhlohlweni -Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida -Ukuhlela kanye nokulandelana akukho	-Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko -Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene -Akuqondene nesihloko futhi kuphithene

**AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI: ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-50] (kuyaqhubeka)**

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
<b>ULIMI, ISITAYELA &amp; UKULUNGISA AMAPHUTHA</b>  Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama ayahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo Ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi  <b>AMAMAKI AYI-15</b>	Ingxenywe engenhlia	<b>14–15</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Ithoni ekhomba ukuphoqa kanye namasu obuciko obunembayo -Akunamaphutha sanhlobo ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	<b>11–12</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile -Kukhombisa ukungabi namaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle kakhulu	<b>8–9</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo -Ithoni ifanelekile -Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe	<b>5–6</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi -Ithoni nephimbo akugculisi -Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe	<b>0–3</b> -Ulimi aluqondakali -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda
		Ingxenywe engezansi	<b>13</b> -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	<b>10</b> -Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile -Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle	<b>7</b> -Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa -Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo	<b>4</b> -Ukusetshenziswa kolimi okungekho endimeni -Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho -Ulwazimagama olunomkhawulo

<b>ISAKHIWO</b>	<b>5</b>	<b>4</b>	<b>3</b>	<b>2</b>	<b>0–1</b>
Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho <b>AMAMAKI AYISI-5</b>	-Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo -Ukucacisa okunembayo -Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu	-Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba -Ukulandelana -Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile	-Ukuthuthuka kwendaba okulindelekile -Imisho, izigaba kwakheke kahle -I-eseyi isenawo umqondo	-Amaphuzu ambalwa azwakalayo -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha	-Amaphuzu awatholakali -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi ayinamqondo
<b>UKWABIWA KWAMAMAKI</b>	<b>43–50</b>	<b>33–40</b>	<b>23–30</b>	<b>13–20</b>	<b>0–10</b>

**Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**

- Q : Okuqukethwe
- Sk : Isakhiwo
- L : Ulimi
- St : Isitayela
- Pt : Amaphutha
- Hl : Uhlaka

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

- QHI =30 (25+5)
- LSP =15 (8+4+3)
- Sk =05

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa**

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.

PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.

L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.

// – khombisa isigaba esisha.

NK – inkathi engemukelekile.

'S-I – i-aphostilofi engemukelekile.

GL – amagama awalandelani ngokufanele.

R – irejista.

KM – akwenzi umqondo.

ISIV. – isivumelwano esingavumelani.

AK – akudingekile.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

^ – kunegama elingekho.

GN – igama elingcono.

/ – ukwehlukana amagama.

() – ukuhlukanisa amagama.

Pp – ukuphindaphinda amagama.

**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba.
  
- Umzimba:
  - (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
  - (ii) Zihleleke kahle/umqondo osekelayo.
  - (iii) Umbhalo nombhalo mawuhambelane nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
  
- Isiphetho:
  - (i) Siyisigaba esisodwa.
  - (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
  - (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa.

**OKULINDELEKILE:**

<p><b>1.1 Ukuwina Umncintiswano Kwayishintsha Impilo Yami.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Inkathi edlule.</li> <li>• Kwenzeka nini lokhu?</li> <li>• Uhlobo lomncintiswano.</li> <li>• Ngezwa kanjani ngawo?</li> <li>• Ngawungenela kanjani?</li> <li>• Imiklomelo.</li> <li>• Imithelela yomklomelo empilweni yami.</li> <li>• Inselelo kwabanye.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>	<p><b>1.2 Akukho Okungavimba Impumelelo Yami.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Incazelo kafishane ngesihloko.</li> <li>• Izifiso ngekusasa lami.</li> <li>• Izinhlelo zokufinyelela empumelelweni.</li> <li>• Abantu abangangisiza.</li> <li>• Izinto engingazigwema.</li> <li>• Izeluleko ongazinika abanye abantu.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>	<p><b>1.3 Engingakwenza Ukuze Izwe Lami Lithuthuke.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukubheka okudingwa yizwe lami.</li> <li>• Ngingalekelela kulokhu okulandelayo: <ul style="list-style-type: none"> <li>- ukusiza ukwehlisa izinga lobugebengu.</li> <li>- ukukhuphula umnotho.</li> <li>- ukulekelela emfundweni.</li> <li>- ukulekelela kwezempilo.</li> <li>- ukuthuthukisa ezokuvakasha.</li> </ul> </li> <li>• Ukukhuthaza abantu ukuthi balekelele izwe lethu.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>
---	--	---



<p><b>1.4 Ubuhle Nobubi Bamalungelo.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Yini amalungelo?</li> <li>• Izibonelo zamalungelo?</li> <li>• Ubuhle bamalungelo.</li> <li>• Ububi bamalungelo.</li> <li>• Imibono onayo ngamalungelo.</li> <li>• Yini engenziwa ukuze abantu bahloniphe amalungelo abanye?</li> <li>• Izeluleko/iziyalo.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>	<p><b>1.5 Angaziphilisa Yini Umuntu Ngethalente Lakhe?</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Yini ithalente?</li> <li>• Uzibona kanjani ukuthi unethalente?</li> <li>• Ulithuthukisa kanjani ithalente onalo?</li> <li>• Uziphilisa kanjani ngalo?</li> <li>• Izibonelo zamathalente okungaphilwa ngawo: <ul style="list-style-type: none"> <li>- umculo</li> <li>- ukulingisa.</li> <li>- ezemidlalo.</li> <li>- imisebenzi yezandla.</li> <li>- ukudweba (nokunye).</li> </ul> </li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>	<p><b>1.6.1 Isithombe Nikeza indaba isihloko esiyifanele.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Izihloko ziyokwehluka.</li> <li>• Ukusizana.</li> <li>• Ubani osizwayo?</li> <li>• Onjani umuntu okwazi ukusiza omunye?</li> <li>• Umsiza kanjani, nini, kuphi?</li> <li>• Kufanele wenze njani uma uthola usizo?</li> <li>• Imizwa yosizayo nosizwayo.</li> <li>• Isifundo ngokusizana.</li> </ul> <p><b>QAPHELA:</b> Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>
---	--	--

<p><b>1.6.2 Isithombe</b> <b>Nikeza indaba isihloko esiyifanele,</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Izihloko ziyokwehluka.</li> <li>• Ukuvakashela esiqiwini.</li> <li>• Uhlobo lwabantu abathanda ukuvakashela esiqiwini.</li> <li>• Isibalo sabantu abavakasha esiqiwini.</li> <li>• Imithetho elandelwayo yaseziqiwini.</li> <li>• Umlando ngezilwane ezisesiqiwini.</li> <li>• Umnotho namathuba emisebenzi.</li> <li>• Ukukhuthaza abantu ngothando lwezilwane.</li> </ul> <p><b>QAPHELA:</b> Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>	<p><b>1.6.3 Isithombe</b> <b>Nikeza indaba isihloko esiyifanele.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Izihloko ziyokwehluka.</li> <li>• Ukuzibulala ngokuzilengisa.</li> <li>• Izizathu ezenza abantu bazibulale.</li> <li>• Isibalo nohlobo lwabantu abazibulalayo.</li> <li>• Ukubaluleka kokukhuluma ngenkinga obhekene nayo.</li> <li>• Ubuhlungu obusala nabantu abasondelene nawe kakhulu.</li> <li>• Izindlela zokuvimba ukuzibulala.</li> </ul> <p><b>QAPHELA:</b> Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>	
---	---	--

**ISIQEPHU B: AMARUBHRIKI OKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO: ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA  
[AMAMAKI ANGAMA-30]**

<b>Okungabonwa ngakho</b>	<b>Okungavamile</b>	<b>Okunekhono</b>	<b>Okusendimeni</b>	<b>Okuqalisayo</b>	<b>Akwanelisi</b>
<b>OKUQUKETHWE NESAKHIWO</b>  Impendulo kanye nemibono Ukuhlela imibono Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo  <b>AMAMAKI AYI-18</b>	<b>15–18</b>  -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo unamathela esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Isakhiwo esifanele nesicacile	<b>11–14</b>  -Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathela esihlokweni -Akunamaphutha -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Isakhiwo esifanele esinamaphushana	<b>8–10</b>  -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ayinamathela kahle esihlokweni -Inamaphutha ambalwa -Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Isakhiwo esifanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa	<b>5–7</b>  -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha -Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yesakhiwo -Kukhona okumbalwa okubalulekile	<b>0–4</b>  -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo uyanhlahlatha, kunamaphutha amaningi -Imibono ayilandelani nhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yesakhiwo
<b>ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA</b>  Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama lzipawu zokuloba kanye nesipelingi <b>AMAMAKI AYI-12</b>	<b>10–12</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha nhlobo.	<b>8–9</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Akunamaphutha	<b>6–7</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa -Ulwazimagama olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo.	<b>4–5</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo ufiphele.	<b>0–3</b>  -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo uyanhlahlatha kakhulu
<b>UKWABIWA KWAMAMAKI</b>	<b>25–30</b>	<b>19–23</b>	<b>14–17</b>	<b>9–12</b>	<b>0–7</b>

**Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**

- Q : Okuqukethwe
- Sk : Isakhiwo
- L : Ulimi
- St : Isitayela
- Pt : Amaphutha

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

- QSk =18
- LSP =12 (7+3+2)

**OKULINDELEKILE:**

**2.1 INCWADI YOMSEBENZI/ESEMT HETHW ENI**

- Ikheli lobhalayo alibe ngasesandleni sokudla lihamba nosuku. Isib. (2 kuNdasa 2018/2 Mashi 2018 /03.2.2018/2/03/2018).
- Ikheli lobhalelwayo alibe ngasesandleni sokunxele, liqale ngesikhundla sobhalelwayo.
- Obhalelwayo makabingelelwe ngesizotha; Isib: Mnumzane.
- Qala ngomusho oyinhloko.
- Esigabeni sokuqala umfundi akahlale phezu kodaba olumenze wabhala incwadi.
- Esigabeni sesibili umfundi akasekele isizathu sokuba acele umfundaze/ibhasari.
- Isiphetho masibe sifishane sifingqo isicelo.
- Isivaleliso masikhombise isizotha: Yimina Ozithobayo  
uLihle Shibase (Mnu.)

- Okulindelekile: (i) Isingeniso.  
(ii) Umzimba (ungaba yizigaba ezimbili).  
(iii) Isiphetho (makuvele ukuqoqeka kwencwadi).  
(iv) Amagama awabe inani elifanele.

**2.2 UMLANDO NGOMUFI**

- Kuqalwa ngesihloko esiqqamile esinamagama kamufi aphelele, usuku lokuzalwa nosuku ashone ngalo.
- Mawubhalwe ngenkathi edlule.
- **Isingeniso:** - Amagama onke akhe aphelele.
  - Imininingwane yakhe yonke. Isib: abazali bakhe/indawo azalelwa kuyo, nokunye.
  - Usuku ahambe ngalo emhlabeni.
- **Umzimba:**
  - Isigaba sokuqala:**
    - Imininingwane yemfundo.
    - Izikhundla.
    - Imiklomelo.
  - Isigaba sesibili:**
    - Amagalelo emphakathini/esontweni.
    - Iqhaza abelibambile emndenini nakubangani.
- **Isiphetho:**
  - Abashiyile nazokhunjulwa ngakho.
  - Umusho omfushane wokumvalelisa. Isib: Lala Ngoxolo, sobonana kwelizayo! (nokunye).
- Amagama awabe inani elifanele.

**2.3 UMBIKO**

- Kumele kube nalezi zihlokwana ezilandelayo.
- Isihloko : Umbiko Ngengozi Phakathi Kwebhasi Nemoto Encane.
- Usuku okwenzeka ngalo ingozi.
- Isikhathi okwenzeka ngaso ingozi.
- Uya kubani umbiko?
- Isingeniso.
- Umzimba : Incazelo yokwenzekile ngamafushane/amaphuzu.
- Isiphetho : Asibe nezincomo.
- Ubhalwe ngubani: Isibonelo : TZ Njoko (Mnu./Nksz./Nkk.)  
Ukusayina  
Usuku okubhalwe ngalo umbiko
- Amagama awabe inani elifanele.

#### 2.4 INKULUMO-MPENDULWANO/INGXOXO

- Isingeniso/Isethulo.
- Ukusetshenziswa kwezimpawu ezifanele.
- Amagama abakhulumayo.
- Isingeniso: Masikhombise inkinga edalekile/eyenzekile.
- Umzimba: Ingxoxo mayikhule ifike kuvuthondaba.
- Isiphetho: Mabavalelisane kahle.
- Amagama awabe inani elifanele.

**ISIQEPHU C: AMARUBHRIKI OKUHLOLA UMBHALO OMFISHANE ODLULISA UMYALEZO: ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-20]**

<b>Okungabonwa ngakho</b>	<b>Okungavamile</b>	<b>Okunekhono</b>	<b>Okusendimeni</b>	<b>Okuqalisayo</b>	<b>Akwanelisi</b>
<b>OKUQUKETHWE NESAKHIWO</b>  Impendulo nemibono Ukuhlela imibono Izimpawu/lzimisiso kanye nesimo  <b>AMAMAKI AYI-12</b>	<b>10–12</b>  -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindlekile -Amasu akhaliphile kanye nokuwuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Isakhiwo esifanele nesicacile	<b>8–9</b>  -Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni -Akunamaphutha -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Isakhiwo esifanele esinamaphushana	<b>6–7</b>  -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ayinamathele kahle esihlokweni -Inamaphutha ambalwa -Ukulandelana kwamibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Isakhiwo esifanelekile kodwa esinamaphutha ambalwa	<b>4–5</b>  -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha -Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yesakhiwo -Kukhona okumbalwa okubalulekile	<b>0–3</b>  -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo uyanhlanhlatha, kunamaphutha amaningi -Imibono ayilandelani sanhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yesakhiwo
<b>ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA</b>  Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimisiso Ukukhethwa kwamagama izimpawu zokuloba kanye nesipelingi  <b>AMAMAKI AYISI-8</b>	<b>7–8</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Akunamaphutha nhlobo	<b>5–6</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Akunamaphutha	<b>4</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa -Ulwazimagama olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo	<b>3</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo ufiphele	<b>0–2</b>  -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu
<b>UKWABIWA KWAMAMAKI</b>	<b>17–20</b>	<b>13–15</b>	<b>10–11</b>	<b>7–8</b>	<b>0–5</b>

**Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**

- Q : Okuqukethwe
- Sk : Isakhiwo
- L : Ulimi
- St : Isitayela
- Pt : Amaphutha

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

- QSk =12
- LSP =08 (4+2+2)

**OKULINDELEKILE:**

**3.1 IPHOSTA**

- Mayifakwe ebhokisini.
- Isihloko/ilogo ekhangayo.
- Ifonti ehlukenene.
- Okuzokwenziwa akuchazwe ngamafuphi.
- Ulimi olusetshenzisiwe aluhehe.
- Kungavezwa isithombe somculi.
- Imininingwane elindelekile:
  - Indawo.
  - Isikhathi.
  - Izinombolo zocingo/zikamakhalekhukhwini wabagquguzeli.
  - Nokunye okungahamba abalandeli ukuthi beze kulo mcimbi.
- Amagama awabe inani elifanele.

**3.2 IDAYARI**

- Obhalayo kumele abhale usuku nelanga phezulu, ekuqaleni kombhalo wangalelo langa.
- Kumele ibe senkathini ezayo.
- Kubhalwe izigaba ezimfishane.
- Kusetshenziswe ulimi olukhululekile futhi olwamukelekile.
- Amagama awabe inani elifanele.



### 3.3 IMIYALELO

**Izithako:**

- Izingcezu zesinkwa ezimbili (esimhlophe noma esinsundu/esimnyama).
- Ushizi osikwe waba ucezu olungaba ngama-30g noma uhhafu wenkomishi uma ugreyithiwe.
- Izingcezu ezimbili zikatamatisi.
- Uhlamvu lukaletlisi.
- Isipuni esisodwa sebhotele.
- Inkeshezana kasawoti.

**Indlela Yokwenza:**

- Thatha izingcezu zesinkwa uzigcobe ibhotela, icala elilodwa ucezu ngalunye.
- Thatha ucezu olulodwa lwesinkwa bese ufaka:
  - uhlamvu lukaletlisi.
  - izingcezu zikatamatisi
  - ushizi
- Vuvuzela inkeshezana kasawoti.
- Thatha lolu olunye ucezu lwesinkwa, umboze ngalo lolu olufakwe izithako ezingenhla.
- Sika phakathi nendawo kusukela ekhoni kuya kwelinye ikhona.
- Ligoqe ngephepha elithambile noma ulifake esitsheni samasemishi bese uvala.

**Umbono:**

- Ungafaka noma iyiphi isosi oyithandayo phakathi esemishini.
- Ungafaka inkeshezana ka-*black pepper* esikhundleni sikasawoti.
- Ungalidla nojusi/itiye/ikhofi/ubisi.

**OKULINDELEKILE MAYELANA NOBUDE NOBUFUSHANE BEMIBHALO**

- Uma amagama ege noma ehle esukela ku 1–5 kuyokwamukeleka.
- Uma amagama ege noma ehle esukela ku 6–10 kuyosuswa imaki elilodwa.
- Uma amagama ege noma ehle esukela ku 11–15 kuyosuswa amamaki ama–2.
- Uma amagama ege noma ehle esukela ku 16 kuya ku–20 kuyosuswa amamaki ama-3.